**IMIYALELO KWABAHLOLWAYO**

1. Leli phepha lehlukaniswe IZIQEPHU EZINTATHU:

| | | |
|---|---|---|
| ISIQEPHU A: | Isifundo sokuqondisisa | (30) |
| ISIQEPHU B: | Ukufingqa | (10) |
| ISIQEPHU C: | Ukusetshenziswa kolimi | (40) |

2. Phendula YONKE imibuzo.

3. Qala ISIQEPHU NGASINYE ekhasini ELISHA.

4. Dwebela emva kwesiqephu NGASINYE.

5. Bhala izinombolo zezimpendulo ngendlela ezihlelwe ngayo kuleli phepha.

6. Yeqa umugqa emva kwaleyo naleyo mpendulo.

7. Qaphela upelomagama nokwakheka kwemisho.

8. Hlela isikhathi kanje:

| | |
|---|---|
| ISIQEPHU A: | Imizuzu engama-45 |
| ISIQEPHU B: | Imizuzu engama-20 |
| ISIQEPHU C: | Imizuzu engama-55 |

9. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

## ISIQEPHU A: ISIFUNDO SOKUQONDISISA

## UMBUZO 1

1.1 Funda isiqephu esilandelayo bese uphendula imibuzo.

### UMBHALO A: OFUNDWAYO

**IZIKHUKHULA ZILIMAZE KAKHULU EZWENI LONKE**

1 Isimo sezimvula ezinkulu sisilimazile isizwe. Izwe laseNingizimu-Afrika likhala isililo esisodwa. Abantu bahlukumezekile yizikhukhula *(floods)* ezihambe nemiphefumulo, izindlu, amabhizinisi, imfuyo nezimoto zabo.

2 IziFundazwe zonke zithintekile kepha KwaZulu-Natali naseGauteng bashayeke kakhulu. Baningi abantu abangakatholakali namanje, okungaziwa ukuthi basayotholakala yini. UHulumeni noma ekwenza okusemandleni ukuthi kutholakale usizo, abantu bakhelwe izindlu zabo ezadilikayo, kodwa akukeneli. Basebaningi abantu abangenawo amakhaya, abahlala emahholo omphakathi nasemasontweni.

3 Abanye abantu bathi ukungakholwa kwethu okwenza uMdali acasuke. Babala ukungahloniphi kwezingane, ukubulawa kwabantu besifazane, izidakamizwa nokunye okuningi okubi esikwenzayo angakuthandi uMdali. Baze bathi iculo elithi '*Wababiza Bonk'uNowa Wabakhel'inqanawe Wath'imvul'iyeza*,' linomthelela omubi ngoba likhuluma ngemvula. Ezinkundleni zokuxhumana bathi mhlawumbe izikhukhula zingancipha uma kungayekwa leli culo.

4 Kuke kwanesikhathi lapho kube nesomiso khona, kwenyukelwa entabeni, kwakhulekelwa imvula. UMdali wasizwa kepha yafika ngamawala, yedlula nemiphefumulo eminingi.

5 Eminye imibono ithi vele uNovemba noDisemba yizinyanga zemvula ngoba kusehlobo. Asazi ukuthi yikuphi okuyiqiniso. Konke kusezandleni zoMdali, asinalutho thina esingalwenza. Kumele sihloniphe indalo, senze okushiwo yibhayibheli, okuzojabulisa Yena kuphela njengeNkosi Yamakhosi.

6 Okuhle ngayo imvula ukuthi isipha amanzi, lawa ayindlala kwezinye izindawo. Ngakho-ke siyakubonga lokho ngoba amadamu ayagcwala, sikwazi ukuthola amanzi. Amathangi ayagcwala, **achichime**, abantu bangahlupheki. Izingane nazo ziyakuthokozela ukuba khona kwamanzi emathangini ngoba kwehla umthwalo wokuyolinda izimoto eziletha amanzi emgwaqweni. Nayo yonke imisebenzi edinga amanzi isuke isizokwenzeka kalula. Umphakathi ujabulela nokuthi imfuyo isizophila kahle ngoba nayo iyawadinga amanzi.

7 Emadolobheni kuba nezinkinga nakhona. Abanye bangenelwa amanzi ezindlini, kulimale izinto ezisebenzisa ugesi, zigcine zingasasebenzi. Lokho **kudla imali** uma sekuthengwa ezintsha noma zilungiswa. Kuvaleka imigwaqo, kungahambeki ngenxa yezikhukhula. Yona imvula ilusizo impela uma ina kahle, ingani ngamandla ngoba igcina isiwuphilisa kanzima umphakathi.

8 Sigcina singasazazi ukuthi sifuna kwenzekeni ngempela. Sikhononda kubanda, lishisa noma lina kakhulu. Kufanele-ke noMdali asidube, lokho esikucelile avele akulethe kube kuningi. Naye ucasulwa yindlela esikhononda ngayo.

9 Asizibuze ukuthi impilo esiyiphilayo nendlela esenza ngayo izinto ilungile yini, mhlawumbe noMdali angasizwela olakeni lwezikhukhula nemvula ebhubhisayo. Siyayithanda imvula hhayi kodwa izikhukhula.

[Umbhalo wokuziqambela]

1.1.1 Shono ukuthi yikuphi okulimaze isizwe ngokwale ndaba. (1)

1.1.2 Bhala izinto EZIMBILI zabantu ezihambe nezikhukhula ngokwale ndaba. (2)

1.1.3 Yiziphi izifundazwe EZIMBILI ezishayeke kakhulu ngenxa yezikhukhula? (2)

1.1.4 Khetha ibinzana elingahambisani naleli: **Okuhle ngemvula.**

A Amanzi ahlanzekile.
B Amadamu ayagcwala.
C Imifula iyasha.
D Izitshalo ziyakhula. (1)

1.1.5 Khetha impendulo efanele kulezi.

Igama **imfuyo** lichaza …

A abantu.
B izilwane.
C amanzi.
D abafundi. (1)

1.1.6 Qondanisa iKHOLOMU B neKHOLOMU A.

| IKHOLOMU A | IKHOLOMU B |
|---|---|
| (a) Ngamawala | A uNkulunkulu |
| (b) UMdali | B uNovemba |
| (c) Inyanga ye-11 | C kakhulu |

(3 x 1) (3)

1.1.7 Ucabanga ukuthi kungaba namiphi imiphumela ukushoda kwamanzi emphakathini? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

1.1.8 Kusho ukuthini ukuthi amathangi **ayechichima**? (2)

1.1.9 Chaza isimo sokukhuluma esithi …

**Kudla imali** ngokwale ndaba. (2)

1.1.10 Iyini inhloso yombhali ngale ndaba? (2)

1.1.11 Uchazani umbhali uma ethi:

Uhulumeni noma ekwenza okusemandleni, ukuthi kutholakale usizo, abantu bakhelwe izindlu zabo ezadilikayo, kodwa akukeneli? (2)

1.1.12 Ngokucabanga kwakho izikhukhula zikuphazamisa kanjani ukufunda ezikoleni ezisemakhaya? (2)

1.1.13 Bhala ukuthi UMBONO noma IQINISO bese uyasekela.

Kungumsebenzi wakhe uhulumeni ukunakekela abantu abahlukunyezwe yizikhukhula. (2)

1.2 Buka lesi sithombe bese uphendula imibuzo ezolandela.

**UMBHALO B: OBUKWAYO**



[Isithombe sicashunwe ku-www.shutterstock.com]

1.2.1 Zingaki izingane ezikulesi sithombe? (1)

1.2.2 Khetha impendulo efanele kulezi ozinikiwe.

Izingane ezisesithombeni …

A ziyakhala.
B ziyagijima.
C zilele.
D ziyadelela. (1)

1.2.3 Ucabanga ukuthi kungani lezi zingane zigqoke amajakhethi, amajezi kanye nezimpahla zokugqoka ezinemikhono emide? (2)

1.2.4 Ngokwakho ukubona kubaluleke ngani ukuthi izingane zithole ithuba lokudlala? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 30**

## ISIQEPHU B: UKUFINGQA

### UMBUZO 2

Funda le ndaba emayelana neMIPHUMELA ENGEMIHLE YAMALUNGELO bese uyifingqa ngamagama angeqile kwangama-50.

### IMIYALELO

1. Bhala amaphuzu ayi-7 ngemisho ephelele.
2. Inani lamagama malingeqi/lingedluli kwangama-50.
3. Imisho yakho mayibe nezinombolo kusukela kweyoku-1 kuya kweyesi-7.
4. Bhala iphuzu/umusho emgqeni omusha.
5. Ekugcineni bhala inani lamagama owasebenzisile.

### UMBHALO C: OFUNDWAYO

**IMIPHUMELA ENGEMIHLE YAMALUNGELO**

Ngisho ungayaphi wonke umuntu ukhuluma ngamalungelo. Awakhethi ukuthi ungakanani ngokweminyaka. Awabheki ukuthi uhlala kuphi nendawo. Nabahlala emgwaqeni banamalungelo okuzikhethela indawo yokuhlala.

Izingane zihamba zingabuyi emakhaya ngoba zithi zinamalungelo. Lokhu kudala umphumela wokukhulelwa kwamantombazane. Umuntu uye azibuze ukuthi amalungelo azozondla yini lezi zingane ezizozalwa?

Othisha babhekene nenkinga ezikoleni ngenxa yamalungelo asetshenziswa ngendlela engeyinhle. Uthola abafundi bephula imithetho ezikoleni bese bethi banamalungelo. Sithola umphumela wokwehla kwezinga lokuphasa ngenxa yamalungelo.

Emisebenzini bakhona abasebenzisa amalungelo ngendlela efanele, bafika ngesikhathi emsebenzini futhi bakhuthele. Ngakolunye uhlangothi kukhona nalabo abawasebenzisa ngendlela engeyinhle. Lokhu kunomphumela wokwehla komkhiqizo endaweni yokusebenza. Abasebenzi baphula imithetho yokungena nokuphuma emisebenzini. Uma kuyindawo lapho kumele abasebenzi bakhiqize inani elibekelwe usuku, kuyehla lokho bagcine bekhiqiza inani elingaphansi. Lokhu kwehlisa umnotho wezwe.

Emasontweni, amakholwa asebeka amalungelo phambili. Aphula imithetho ebekiwe mayelana nokugqoka ngoba ethi anamalungelo. Kwesinye isikhathi kudaleka ingxabano *(conflict)* emalungwini ebandla nabaphathi, kubangwa indlela yokugqoka.

Uhulumeni okunguyena obeke amalungelo uthwala kanzima. Abanye abantu bayazihlalela nje balindele ukuthi bazokwenzelwa yonke into mahhala ngoba banelungelo lokondliwa uhulumeni. Lokhu kudala ukushiswa kwengqalasizinda *(infrastructure)* uma kungasenzeki.

[Umbhalo wokuziqambela]


**AMAMAKI ESIQEPHU B: 10**

**ISIQEPHU C: UKUSETSHENZISWA KOLIMI**

**UMBUZO 3**

Buka lesi sikhangiso bese uphendula imibuzo elandelayo.

**UMBHALO D: OFUNDWAYO NOBUKWAYO**




[Isithombe sicashunwe ku-www.alamy.com, sabuye sahlelwa kabusha]

3.1 Yini ekhangiswayo kulesi sikhangiso? (1)

3.2 Bhala isiqubulo *(slogan)* salesi sikhangiso. (1)

3.3 Yini ekhombisa ukuthi umuntu osesikhangisweni ujabule? (1)

3.4 Siqondiswe kobani lesi sikhangiso? (1)

3.5 Bhala izinto EZIMBILI ezingaheha umthengi ukuba awuthenge lo mkhiqizo *(product)* okhangiswayo. (2)

3.6 Nikeza izabizwana EZIMBILI ezitholakala kulesi sikhangiso. (2)

3.7 Ngokucabanga kwakho kungani umbhali wesikhangiso esebenzise izithombe? (2)
**[10]**

**UMBUZO 4**

Bukisisa le khathuni bese uphendula imibuzo ezolandela.

**UMBHALO E: OFUNDWAYO NOBUKWAYO**




[Isithombe sicashunwe ku-www.cambridge.org]

4.1 Kungani lona wesilisa evule amehlo kakhulu? (1)

4.2 Nikeza OKUBILI okukhombisa ukuthi lo muntu wesifazane ovela kule khathuni ungowesimame wesimanjemanje *(modern woman)*. (2)

4.3 Bhala kabusha leli binzana elilandelayo libe sebunyeni. Shintsha omabili amagama.

Osisi bamawigi. (2)

4.4 Khetha impendulo efanele kulezi ozinikiwe.

Igama 'otsotsi' lisho:

A Abashumayeli
B Abafundi
C Izigebengu
D Abashayeli (1)

4.5 Bhala umuzwa otholakala kula mazwi alandelayo:

'Hhawu ngezinwele zami zemali eshisiwe.' (2)

4.6 UYAVUMELANA noma UYAPHIKISANA nokuthi amaphoyisa awenzi okwanele ukuvimbela izehlakalo zobugebengu? Sekela impendulo yakho. (2)
**[10]**

**UMBUZO 5**

5.1 Funda lesi siqeshana esilandelayo bese uphendula imibuzo.

**UMBHALO F: OFUNDWAYO**

Amaholidi ka*December* asevamise ukuthi angabi mnandi. Phela bonke abafundi basuke belindele imiphumela yabo kamatikuletsheni. Ubani ongakwazi nje ukujabula ebe engazi noma uphumelele ebangeni le-12! Kuba yisikhathi esinzima ngisho kubazali okumele baseke abantwana babo. Yize umfundi kade efunda ngokuzimisela esikoleni kodwa ngokujwayelekile kuba khona ukwethuka. Othisha abafundisa **lezizingane** basuke bebala izinsuku. Uma selusondele bonke abathintekayo basuke **sebelala obenyoni**. Abasuke bevakashele izihlobo ezisabalele **neningizimu-afrika** baphindela emakhaya. Abafundi nezihlobo ezihlala ezindaweni zasemakhaya balindela imiphumela ezihlotsheni ezihlala edolobheni. Lokhu kuyabasiza ekutholeni kalula **iphephandaba**. Abafundi eliphumelele bayajabula, abazali babathengele izipho. Abazali babheka amaNyuvesithi lapho kuzofunda khona izingane zabo. Phela nabafundi basuke beyilangazelele impilo entsha.

[Umbhalo wokuziqambela]

5.1.1 Bhala igama elifanele lesiZulu esikhundleni saleli elibhalwe ngokugqamile kulo musho:

Amaholidi ka***December*** sekuvamise ukuthi abe mnyama. (1)

5.1.2 Lungisa igama elidwetshelwe kulo musho ukuze ufundeke kahle:

Abafundi <u>eliphumelele</u> bayajabula. (2)

5.1.3 Tomula igama eliphendula umbuzo othi kuphi (isandiso sendawo) emshweni olandelayo:

Yize umfundi kade efunda ngokuzimisela esikoleni. (2)

5.1.4 Lungisa iphutha egameni elibhalwe ngokugqamile kulo musho olandelayo:

Othisha nabo abafundisa **lezizingane** basuke bebala izinsuku. (2)

5.1.5 Khetha impendulo efanele kulezi ozinikeziwe.

**Ukulala obenyoni** kusho ukulala …

A uzumeke kakhulu.
B isikhathi eside.
C unovalo.
D uze uvuswe. (1)

5.1.6 Bhala igama elilandelayo ufake ofeleba *(capital letters)* lapho kufanele khona:

neningizimu-afrika (2)

5.1.7 Bhala amabizo amabili akhe igama elibhalwe ngokugqamile kulo musho olandelayo:

Lokhu bakwenzela ukuze bathole kalula **iphephandaba**. (2)

5.1.8 Phinda ubhale lo musho uwuqalise ngegama elibhalwe ngokugqamile:

Abazali babheka **amaNyuvesithi**. (2)

5.2 Bukisisa lesi sithombe esingezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

**UMBHALO G: OBUKWAYO NOFUNDWAYO**




[Icashunwe ku-www.shutterstock.com yahlelwa kabusha]

5.2.1 Gcwalisa ngesakhi esifanele kuleli gama elikubakaki lisho okwenzeka manje:

Owesifazane (-khuluma) nomngane wakhe. (1)

5.2.2 Tomula umbuzo obuzwa owesifazane kumngani wakhe kulesi sithombe esingenhla. (1)

5.2.3 Nikeza incazelo yesisho esibhalwe ngokugqamile enkulumweni yowesifazane osesithombeni. (2)

5.2.4 Bhala isenzo esitholakala kuleli binzana elingezansi:

… uhleba ngami kubangani bakho, (1)

5.2.5 Nikeza isihlanganiso esitholakala kuleli binzana elilandelayo:

… ngimubi futhi ngiyazitshela. (1)

**[20]**

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 40**
**AMAMAKI ESEWONKE: 80**